

# NGIDINGA INOMBOLO YAMI YENTELE

Uma kungukuthi usuyikhohliwe inombolo yakho yentela ungakwazi ukuyicela kwa-SARS ngalezi zindlela ezilandelayo:

- Ungayithola ku-[eFiling](#) uma ubhalisile njengomsebenzisi we-eFiling. Konke okumele ukwenze ukuthi ungene ku-eFiling ubheke inombolo yakho.
- Ungaphinda ucele nesaziso sakho sokubhaliswa ngokusebenzisa i-MobiApp uma ubhalisile njengomsebenzisi we-eFiling.
- I-eFiling ilungisiwe ukuze abakhokhintela bakwazi ukucela iSaziso sokuBhalisa (IT150) ngaphansi kwemenyu ethi 'SARS Registered Details'.
- [Egatsheni lwakwa-SARS](#). Khumbula [ukubeka usuku ozoya ngalo](#) ngaphambi kokuba uye egatsheni.

## **Isungqangi:**

USARS ngeke unike omunye umuntu inombolo yakho yentela, ngaphandle uma lowo muntu kungumuntu osebenza ngezintela zakho noma enegunya lokwenzela i-Power of Attorney (POA) ukuze akwenzele okuthile ngezindaba zakho zentela.